



# transport

Department:

Transport

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



**ISABELO-MALI SIKA - 2012/ 13**

## Impilo engcono isifikile e-KZN



UNgqongqoshe woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi, uMnuz Willies Mchunu ubuyise ithemba emiphakathini eminingi ngesikhathi ethula isabelo-mali esizogxila ekuthuthukiseni ingqalasizinda kudaleke amathuba emisebenzi. Kwisabelo-mali sezokuThutha uMchunu uqhakambise ukuzibophezela kukaHulumeni kumbhidlango wokul-wisana nokufa kwabantu emigaqweni. Lapha wathathwa ehambisana noMengameli we-Cosatu, uMnuz Sdumo Dlamini noNobhala we-Popcr, uMnuz Kwenza Nxele bekwesinye sezivimbamgwaqo. UMchunu uphonsele inselelo bonke abaholi bezombusazwe wesiShayamthetho ukuthi babambe iqhaza elibonakalayo ekulweni nezingozi zomgwaqo nobugebengu.

**Mnuz TW Mchunu**  
UNgqongqoshe wezokuThutha  
ukuPhepha nokuXhumanisa  
uMphakathi KwaZulu-Natali

## OKUNGAPHAKATHI



**Kuzoshunq'uthuli**  
**kuthuthuka i-KZN**  
**Bheka ikhasi 2**

# Inggophamlando uMchunu ememezelwa u-R3.39 billion wokulungisa imigwaqo eyonakele KwaZulu-Natal

**I**ZOKUBA ngumlando emigwaqeni yaKwaZulu-Natal inkanga yama-potholes nemigwaqo engeko esimweni njengoba uMnyango wezokuThutha uhlizzeke ngemali eningi kwisabelo-mali sawo yokubhekana nale nselelo.

Lokhu kuvezwe nguNgqongqoshe walo Mnyango, uMnuz Willies Mchunu ngeledlule ngesikhathi ethula kwisiShayamthetho isabelo-mali salo Mnyango.

UMchunu uveze ukuthi imali engu-R3.39 billion izobhekana nokulungisa imigwaqo isimo sayo esesikhomba ukungagculisi neze eminye osekucaca ukuthi ayisahambeki nhlobo kuyona.

Isiyonke imali ethulwe nguMchunu eyabelwe uMnyango wakhe ingu-R 7.4 billion.

"Inkinga enkulu wukuthi imigwaqo yethu isiphelelwu yisikhathi njengoba yabe ibekelwe ukuthi izophila iminyaka engu-25. Nenkinga yeziyvula ezinamandla isibuyisela emuva ngoba sithi sakha imigwaqo kodwa ibe yonakala," kusho uMchunu.

Ubuye wakhala kakhulu ngezithuthi ezilayisha impahlawo esindayo nezenza umgwaqo usheshe ulimale bese nesimo sawo siba sibi kakhulu

Nokho uveze ukuthi le mali ayanele njengoba kusadingeka enye ngenxa yobubanzi besifundazwe kanjalo nemigwaqo eminingi emidala ebikade inganakiwe phambilini.



*Leli ngeline lamabhulohlo oMnyango wezokuThutha aqinisekisa ukuthi impilo iba lula kwizakhamizi zasemakhaya. Leli bhulohlo elisanda kuvulwa iNkolovuzane KwaMaphumulo. Kanti uMchunu umemezele izinhlelo eziningi zokudala amathuba emisebenzi.*

Nabaholi bezinhlangano ezahlukene zezopolitiki kwisiShayamthetho bavumelane naleli gxathu elithathwe nguMnyango lokuthi kugxilwe kakhulu ekulungiseni ingqalasizinda evelo ikhona.

Yize isabelo-mali soMnyango wezokuThutha sigxile kakhulu ekulungiseni imigwaqo eyonakele yesifundazwe kodwa uMchunu unike isiqiniseko sokuthi lapho ingakafiki khona intuthuko nakanjani iyeza.

"Sibeke imali engu-R1.5 billion ukwakha imigwaqo emisha, siyifake itiyela bese sakha namabhulohlo. Lokhu kusho ukuthi sizoqhubeka nokuyisa intuthuko emiphakathini empofu nesadonsa kanzima," kusho

uMchunu.

Kuvele ukuthi umonakalo owadaleka ngenxa yeziyvula ezinamandla ebezilokhu zihlaselisifundazwe eminyakeni edlule zishiye umonakalako omkhulu kakhulu kanti imali eyatholelwu ukwenza lo msebenzi ayanele.

Lo Mnyango uveze ukuthi umonakalo owenzeka ungapezulu kuka-R727.12 million kanti imali oyitholile yokulungisa umonakalo ingaphansi kakhulu kwale.

UMchunu uveze ukuthi kuze kwaphoqeleka ukuthi basebenzise imali yabo ebihlinzekelwe ezinye izinto ukuze bekwazi ukulungisa umonakalo.

Uthe ekufezeni

ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yesifundazwe, umNyango wakhe usazibophezele ohlelweni luka-Operation Kushunquthuli oluqondene nokusiza imiphakathi yasemakhaya, ngokuyinikeza imigwaqo yokufinyelela ezikoleni, emitholampilo, ezindaweni zokungcebeleka kuLanganisa nezindawo zokulima.

Kuvele ukuthi uhlelo Iwe-African Renaissance Roads Upgrading Program (ARRUP) oluLanganisa imigwaqo engu-15 efineylela ku-500 km isiyonke neyakhiwa ngesamba esingaphezu kuka-R3.7 billion luzoqhubeka.

UMnyango uyaziqhenya ngomsebenzi osupothuliwe walezi zinlelo ezilandelayo:

uP399 eVulindlela, uP296/38 Osizweni kuya eBuffalo Flats, uP235 kwaHlabisa kuya kwaNongoma, kanye no-P240 osuka Obanjeni uya Kwamaqwakazi. Izinhlelo ze-ARRUP ezisasetshenzwa kubalwa u-P577 (Duffs Road) noyingxene yomzila phakathi kwe-Pinetown kanye nesikhumulo sezindiza i-King Shaka International Airport, ukufakwa kwetiyela ku-P700 (Ulundi Road) ongu-95km, ukufakwa kwetiyela ku-P68 ose-Assisi kuya eSt. Faiths kuya e-Port Shepstone nongu-23.9km, u-P230 osuka eMpangeni uya eShowe ongu-31.3km, ukufakwa kwetiyela kuMain Road P15-1 osuka eNunjambili uye eWoshi River, eStanger nongu 7.6km.

Isabelo mali uVote 12 soMnyango wezokuThutha sonyaka wezimali ka 2012/2013 esingu R7 418 730 000 billion simi kanje;

**Administration R261 977 000 million**

**Tnasport Infrastructure**

**R5 398 753 00 billion Transport Operation**

**R 1 022 862 000 billion**

**Transport Regulation R670 796 000 million**

**Community based programmes R 64 485 000 million**

## Luzosabalala uhlelo loMnyango wezokuThutha lokuhlomulisa osomatekisi emkhakheni wamabhasi

olungolokuqala ezweni lonke lokufukula osomabhzinisi abancane nabankazi bamatekisiluzoqhubeka.

Lokhu uMchunu ukusho ngesikhathi ethula isabelo-mali soMnyango wezokuThutha esiShayamthetho ngeledlule.

Lolu hlelo lwesekwa ngabaningi njengoba luzofukula ikakhulukazi osomabhzinisiabasebancane.

"Asifuni abanikazi bamatekisi bagcine ngokuthi ngabanikazi bamatekisi bezinkampani ezincane zamabhasi. Abanikazi bamatekisi yibona abaphethe

endimeni yokuthuthwa komphakathi. Lolu hlelo sihlose ngalo ukuthi umnotho ubuye kubantu futhi uhulumeni uzoqhubeka nokuluxhasa ngoba sikholwa wukuthi luzokwazi ukuhlomulisa abantu abaningi," kusho uMchunu.

Lolu hlelo seluqualile ePort Shepstone njengoba inkampani entsha yamabhasi khona uGu Bus Services PTY (LTD) iphethwe ngabanikazi bamatekisi kanye nabankazi bezinkampani ezincane zamabhasi. Abanikazi bamatekisi yibona abaphethe

amasheya amanangi kule nkampani.

Lolu hlelo ludala amathuba emisebenzi kubantu abaningi kanti uhulumeni ufaka imali engu-R800 million ukuxhasa amabhasi ukuze akwazi ukuthutha umphakathi kulesi sifundazwe.

Lolu hlelo lalandela inqubomgomu eyamukelwa yiKhabhinethi ng-2011 emayelana nokuthuthukisa abantu abamnyama ukuze bahlomule emabhasini axhaswe nguhulumeni.



UNgqongqoshe wezokuThutha, uMnuz Willies Mchunu ehla kwenye yamabhasi enkampani Ugu Transport Services okuyiyona enikwe ngumNyango inkontileka yokusebenza ePort Shepstone namaphethelo ngaphansi kohlelo lwamabhasi axhaswe nguHulumeni.

**U**Mnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal oholwa nguNgqongqoshe uMnuz Willies Mchunu uqophe umlando umemezelwa

ukuthi uhlelo lwamabhasi axhaswe nguhulumeni azobuyela ezandleni zabantu abamnyama.

UMchunu utshele amalungu esiShayamthetho ukuthi lolu hlelo



*UNgqongqoshe woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi, uMnuz Willies Mchunu neNhloko yoMnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi, uMnuz Ronnie Bhengu kanye neNhloko yoMnyango wezokuThutha uMnuz Sbu Gumbi, ngesikhathi bebambe isithangami sabezindaba ngemuva kokwethulwa kwesabelo-mali semiNyango eholwa uMacingwane yomibili esiShayamthetho, eMgungundlovu.*

**U**NGQONGQOSHE woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu uphonsele izinhlangano zezombusazwe nezinhlangano ezizimene zomphakathi inselelo yokuthi zisukume zibambe iqhaza ekulweni nokufa kwabantu emgwaqeni.

Lokhu uMchunu ukusho kwisiShayamthetho ngeledlule lapho ebethula khona isabelo-mali soMnyango wezokuThutha sika-R7.4 billion.

Lesi sabelo-mali uMchunu usethule ngaphansi kwasibulo esithi "Deepening Activism Against Road Carnages".

UMchunu uthe namanje ukuphepha kwabantu emgwaqeni yikhona okuphezulu eqhulwini kulo Mnyango futhi bazimisele ngokwenza umehluko obonakalayo.

Uveze ukuthi lokhu bahlose ukukufekisa ngokuqinisa umkhankaso ka-Operation Valingozi.

UMchunu uthe uMnyango wakhe uzobhukula ukufekisa zonke izinqumo ezathathwa yingqungquthela yokuqala yesifundazwe yokuphepha emgwaqeni.

"Izingozi zimbi; abantu kumele bayeke ukubulala abanye emgwaqeni yethu. Siphonsela namaqembu ezombusazwe inselelo yokuthi nawo abambe iqhaza

elibonakalayo ekunqanden ikufa kwabantu emgwaqeni," kusho uMchunu.

Uthe isinqumo sokuqhakambisa ukuphepha emgwaqeni kungenxa yokuthi nenhlango yeziwe i-United Nations nayo ibeke umgomu wokuthi kuncishiswe izingozi ngohhafu ngonyaka ka-2020.

Nokho uMchunu ukhola wakuthi KwaZulu-Natal kumele unyaka ka-2012 kube yiwona nyaka ezinotshwa ngawo izingozi.

UMchunu ubuye wancoma umfelandawonye wezinyunyana zabasebenzi iCosatu, ngokuphumela obala yeseka u-Operation Valingozi.

UMacingwane ugcizelele ukubambisana kwemiNyango

## Inselelo kwabezombusazwe yokuba babambe iqhaza ekulweni nokufa kwabantu emgwaqeni

kahulumeni wathi iKhabhinethi ike yalibheka lolu daba yanquma ukuthi akubanjiswane kuliwe nale nkinga.

"Ngo-Operation Val'ingozi sihlose ukunqanda ukulahleka kwemiphefumulo engenacala yabagibel, abashayeli, abanikazi bezithuthi zomphakathi abasemthethwani kanye neminye imiphakathi ethintekayo. Lokhu sikwenza ngokuba sifundise imiphakathi yakithi siphinde senze imikhankaso yokuqwahisa abasebenzisi bomgwaqo ukuba baqaphele lezi zinto eziyimbangela yezingozi zomgwaqo. Okunye esikwenza ngukunkanisa ngezimvimbamgwaqo lapho sibheka khona amalayisensi okusebenza kwezithuthi zomphakathi,

isimo semoto ukuthi ikulungele yini ukuba semgwaqeni, isimo somshayeli nendlela aziphatha ngayo ngokulandela imigomo yekomiti elididiyele i-Integrated Traffic Law Enforcement Committee,"

kusho uMchunu.

Uthe wonke umuntu kumele asebenzele ukuthi kukhiqizwe uhlobo olusha labashayeli, abakwesabayo ukuphula umthetho.

Uncome nezinye izimantshi ezinika izigwebo ezinzima kulabo abasuke bebhkene namacula okuphula umthetho engwaqeni, wathi kumele ezobulungiswa ziqine ukuze bajaze labo abayishaya indiva ingalo yomthetho.

Uthe izoqhubeka imikhankaso yokuqinisa isandla kukhcululwe izaphulamthetho emgwaqeni ezishayela ziphuzile, abahamba ngezemoto ezingekho esimweni kanye nabahamba ngejubane eleqile.

UMchunu uveze ukuthi kakhona nezikhungo ezihlola izimoto ukuthi zikulungele yini ukuba semgwaqeni eseziyalive ngoba ziyingxene yenohlakalo nokungasebenzi kahle okubeka izimpilo zabantu engcupheni.

## Indathane yamathuba emisebenzi uMacingwane ethula isabelo-mali sezokuThutha

INDATHANE yemisebenzi ezodaleka kulo nyaka njengoba uMnyango wezokuThutha uhlela ukuhlomulisa abantu abasha nalabo abahlwempu.

UNgqongqoshe walo Mnyango, uMnuz Willies Mchunu ngesikhathi ethula isabelo-mali salo Mnyango uveze ukuthi ngaphansi kohlelo lwengqalasizinda yokwakhiwa kwemigwaqo nokulungiswa kwayo kuzdaleka amathuba emisebenzi angu-57000.

Ngokusho kukaMchunu kuzothi kudaleka amathuba emisebenzi ngezinlelo zokuthuthukisa umphakathi, lo mnyango nawo uzobe uvala izikhala zabasebenzi obese kuneminyaka zivulekile.

Utshele isiShayamthetho ukuthi ukhlela kabusa koMnyango wakhe sekuphuthuliwe kanti noN-gqongqoshe wezokuPhathwa kwezisebenzi zikahulumeni, uMnuz Roy Padayachie, ushone eselugunyazile uhlelo iwsakhiwo esiphezelu sa-

basebenzi boMnyango.

Akugcini nje lapho kodwa lo Mnyango uzoqinisa nohlelo lokuphephisa abantwana besikole emgwaqeni nalo oluzodala amathuba emisebenzi amanagi.

Lolu hlelo lungena ngaphansi kwaleyo misebenzi edaleka ohlelweni i-Expanded Public Works Programme (EPWP, luzosiza abantwana ngokubawelisa uma beya noma bephuma esikoleni lunuye lube nomthelela omkhulu ekutheni isifundazwe

saKwaZulu-Natali sikhonjwe njengesihamba phambili ezweni ekukwazini ukwenza amathuba emisebenzi ngalolu hlelo lwe-EPWP.

"Izinhlaka zikaHulumeni kumele zisebenzise ithuba lokuthola izimali kulolu hlelo ngokuba ziqhamuke nezinhlelo ezakha amathuba emisebenzi. Njengengxene yokwandisa izinhlelo zamathuba emisebenzi sifake imali engu-R2 million ohlelweni lwezokuphepha emgwaqeni olungaphansi kwe-EPWP oluqasha abantu abawelisa izingane zesikole umgwaqo. Laba basiza ngokuwelisa abafundi ngokulawula izimoto emgwaqeni ezifundeni ezahlukene kanti bazothola umholo ngenyanga ovela esikhwameni salolu hlelo," kusho uMchunu.

Lokhu kuphinda kube yingxene yomkhankaso

ka-Operation Val'ingozi okuyilona eselusebenzisa njengomkhankaso wethu wokulwisana nokufa kwabantu emgwaqeni.

Nezinhlelo zikaZibambele ziyaqhubeaka nokuba inhlasi yethemba komama abaluphekayo esifundazweni abangawutholi umsebenzi. Lolu hlelo yilonia olubaruleke kakhulu nolwenza umNyangi ukwazi ukwakha amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-39 000 ngokombiko we- EPWP.

UMnyango kaMacingwane uxoxisana neminye imiNyango njengoMgcinimafa wesifundazwe ngenhlosi yokuthola izindlela zokulekele amalungu kaZibambe ukuba basebenzise imali yabo asebeyongile.

# Uyaqhubeke umsebenzi wokutshala ivangeli lokuthula nokubekezelelana kwezombusazwe KwaZulu - Natal

**U**yaqhubeke umsebenzi wokutshala ivangeli lokuthula nokubekezelelana kwezombusazwe KwaZulu - Natal


Uzoqhubeke umsebenzi wokubhula umlilo ezindaweni ezahlukene lapho kukhona khona ukungaboni ngasolinye ezinhlanganweni zezombusazwe.

Lo msebenzi owenziwa yi-Multi-Political Oversight Committee uholwa nguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi uMnuz Willies Mchunu.

Lokhu uMchunu ukuveze ngeledlule ngesikhathi ethula kwisiShayamthetho isabelo-mali soMnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi.

Leli komidi lihlanganisa abaholi bazo zonke izinhlangano zezombusazwe, amaphoyisa, osomabhizinisi kanye nabaholi bendabuko.

Laqala ukwenza umsebenzi walo ngaphambi kokhetho lohulumeni baseKhaya Iwango-2011 ngemuva kwezigameko zokusatshiswa nokubulawa kwabaholi bez-



*Omunye wemiphumela yohlelo lokuxoxisana kwemiphakathi luphethe ngokuba amaKhosi amabili uNhlakanipho Maphumulo waseMaqongqo noSikhosiphi Mdluli waKwaNyavu bathelelane amanzi phambi kwezizwe zabo kulandela ukungezwani kweminyaka phakathi kwalezi zizwe ezingomakhelwane. UMchunu utho zizoqhubeke izinhlelo zalolu hlobu kuze kuge kuhona uzinzo emiphakathini yaKwaZulu-Natal*

inhlangano zezombusazwe.

Kamuva nje neKhabhithethi yesifundazwe isanda kuthatha isinqumo sokuthi leli komidi liqhubeke nomsebenzi walo.

Eqed ukwethula isabelo-

mali sakhe uMacingwane akapholisanga maseko leli komidi labheka eMtshezi ngoLwesihlanu ukuyobhula umlilo nokucoboshisana kwabalandeli bezinhlangano zezombusazwe kule ndawo.

Phakathi kwezindawo leli komidi eselizihambe iseMbabazane/Mtshezi, Greytown/Msinga, Ulundi/Non-goma, KwaDukuza/Mandeni/Maphumulo nasemahostela aseThekwini.

"Leli komidi lizoqhubeke nomsebenzi walo wokuqinisa ukuthula nozinzo lwezombusazwe esifundazweni. Ngeke siphumule kuze kuba kukhona ukuthula kwangunaphakade," kusho uMchunu.

Ukusebenza kwaleli komidi kwaholela kwingqopham-lando womkhuleko owabe uhlanganise bonke abalandeli bezinhlangano zezombusazwe eMatimatolo, eGreytown ngomhlaka 9 May 2011. Enye i-rally yomkhuleko yaba KwaNongoma ngo-30 September 2011 ngemuva kokhetho.

Lolu hlelo luhambisana noloMnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi lokwakha izithangami zokubonisana emiphakathini uma kukhona ukungaboni ngasolinye.

Lo Mnyango usungenelele ezindaweni eziningi futhi wakwazi ukudala ukuthula nokuhalisana. Kamuva nje ungenelele uMnyango, waqopha umlando waxazulula phakathi kwezizwe ezimbili phakathi kвесизве sakwaMaphumulo nakwaNyavu eMaqongqo.



*Empini yokulwa nobugebengu uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu, uMnuz Omie Singh oyiLungu lesiShayamthetho neNkosi yaseMondlo uJabulani Mdlalose bebeyingxenye yenhlabaluhide yokulwa nalesi sihlava.*

**U**THATHE elinye igxathu umbhidlango wabantu baKwaZulu-Natal wokulwa nobugebengu njengoba uMnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi uthule izinhlelo ezinqala zokuphepha kulesi sifundazwe.

UMchunu obethula isabelo - mali salo Mnyango utha basebenza ngokuzikhanda ukubambisana nazozonke

izinhlaka neminye iminyango kahulumeni ekulweni nobugebengu.

Uveze ukuthi lo Mnyango usuluqualile uhlelo lokoqeasha izinhlangano zomphakathi ezilwa nobugebengu ukuze zikwazi ukubhekana nezigebengu.

Zonke lezi zinhlelo zokulwa nobugebengu zingenia ngaphansi komkhankaso omkhulu woMnyango wokulwana nobugebengu

u-Operation Hlasela.

Lesi sabelo-mali uMchunu usethule ngaphansi kwe-siqubulo esithi - Sigxilisa umyakazo wabantu wokulwana nobugebengu.

"Abanye ngiyazi ukuthi abazithandi lezi zinhlangano. Iningi lazo laqalwa ngenhloso enhle yokulwa nobugebengu kodwa ezinye zazo zigcina seziphula umthetho. Owethu umsebenzi wukuthi sisebenzisane nazozisize,

## Inhlanzi izoshelwa ngamanzi ezigebengwini uMacingwane ethula izinhlelo zokulwa nobugebengu

zisebenze ngaphansi kwezimiso zomthetho. Asikwazi ukuphikisana nobukhona bazo ngoba yilungelo labo elikumthethosisekelo, thina okwethu wukwenza isiqiniseko sokuthi zisebenza ngendlela efanele. Kumanje usukhona umthethosisekelo walezi zinhlangano ezibizwa ngokuthi ama-Voluntary Community Crime Fighting Structures," kusho uMchunu.

Ubuye waveza nokuthi lo Mnyango uhlala kabusha ukwakhiwa kwama-Community Policing Forums, ngenhloso yokuthi ukwakhiwa kwawo kuhambisane nomthetho.

Kumanje ngokubambisana noKhomishana wamaPhoyisa esifundazweni, uMnyango kaMchunu ususizile ukulela kabusha ukwakhiwa komthethosisekelo olwawula ukusebenza kwe-CPF Provincial Board.

Ngaphansi komkhankaso wokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa, lo Mnnyango usuqinise amaxhama okuxhumana neminye imiNyangoo kaHulumeni ngen-

hlosa yokuthi nayo ibambe iqhaza.

"Njengengxene yohlelo lokuqwashisa ngokusetshenziswa kwezidakamizwa, sesike sahlangana nabadayisi botshwala abasmethethwensi. UmNyango uphinde wakha ubambisano ne-SAPS, umNyango wezokuThutha kanye ne-Liquor Board ngaphansi komNyango wezoMnotho nokuVakasha ukuze senze izithangami ezindaweni ezahlukene ezikhuluma ngokudayiswa nokuphuzwa kotshwala ngendlela enokuzibheka," kubeka uMchunu.

Kukhona usomqulu osuwakhiwe ofundisayo obizwa nge-'Making Our School Safe' oqhubekeyo nokulekelela ukusabalalisa ulwazi Iwezokuphepha ezikoleni olunikezwa yiwona umNyango.

Abaholi bendabuko nabo bakhuthaziwe ukuba bazi-bandakanye nezinhlaka zokuphepha komphakathi ezindaweni zabo.